

# UKWAZISA IZILIMI ZASE AFRIKA!



**Sawubona! Yimina uGogo.** Umhla zingama 21 kuNhlolanja **Uwusuku lolimi lomdabu lomhlaba wonke**, futhi ngifuna ukukukhumbuza ngokubaluleka kwezilimi zaseAfrika. Izilimi zingokungaphezu nje kwamagama, zinezisho nemiqondo engenakuhunyushwa! Ngaleyondlela, zigcina amasiko ethu aphila futhi zisinika nomuzwa obalulekile wenhlalakahle. Uma singazifundisi izingane zethu ulimi lwazo, sizobe asizincintshi nje ulimi lwazo kuphela kodwa nobuzona uqobo!

## Nawa amacebiso amane okukhulisa uthando lwakho nolwezingane zakho ngezilimi zaseAfrika.

- ★ **Qala kusenesikhathi:** Izingane ezincane nezisezintsha ziyakuthanda ukudlala ngamagama nangokuphindaphinda into eyodwa. Njengoba zilalela, ziqala ukuzitholela indlela yokuhlanganisa imisindo namagama ndawonye. Sebenzisa izimvumelwano zomdabu ezingajwayelekile osikweni.
- ★ **Xoxa izindaba:** Funa izincwadi zolimi lwakho lokuqala emtatsheni wezincwadi wangakini. Uma zingekho, zihumushe noma uzixoxele indaba oyithanda kakhulu noma, zitholele izindaba zamahhala zezingane ezitholakala ngezilimi ezahlukahlukene zaseAfrika engosini yeNalibali ethi, [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org), noma ngoku-Whatsappa igama elithi 'izindaba' ku **060 044 2254**.
- ★ **Ungaphelimandla:** Qala ukukhuluma nokufundela izingane zakho ngolimi lwazo kusukela zizalwa

uqhubeke wenza kanjalo ukuphila kwazo konke.

- ★ **Zijabulise:** Ukudlala ngolimi kukhuthaza ukuphimisa kahle nokuqephuza. Kuyasiza nasekuthuthukiseni indlela efanele yokukhuluma ngokusebenzisa ukuphindaphinda umsindo owodwa. Nasi isibonelo: UCeli ucambalele ecansini ucabanga icebo lokucupha ucilo. Lokhu kuphinde kuze kube kathathu.

